undated MS.9

# INHLANGANO YE-NTSHA YA-BANTU.

## INKAMBISO NO-KWENZIWAYO.

# CONSTITUTION AND SUGGESTED ACTIVITIES OF THE BANTU YOUTH LEAGUE.

IN ZULU AND ENGLISH.

JOSIAH JONES LTD., DURBAN.

# INHLANGANO YE-NTSHA YA-BANTU.

## INKAMBISO NO-KWENZIWAYO.

### Isigaba I.—Igama.

Igama lalenhlangano li ya kutiwa yi "Bantu Youth League (Inhlangano Ye-Ntsha Ya-bantu).

### Isigaba II.—Okuqondiwe.

1.—Ukukwezela entsheni ya-Bantu imiqondo yokuba yizakamuzi ezifanele okubonelwa ekuhambeni kuka Kristu.

2.—Ukukutaza nokukulisa entsheni yakiti utando neqolo lezinto zakubo nemfiso yokulonda imigomo efaneleyo nemikuba yendhlu emnyama.

3.—Ukukutaza ukuzwana ngokusebenza kubaholi bentsha yabantu.

4.—Ukudiliza ukucwasana ngobubandhla ngokukutaza ukuzwana ngokusebenza kwentsha kwamabandhla ngama-bandhla.

5.—Ukukutaza ukwazisa impucuzeko yeziny 'izinhlobo nokukutaza ukuzwana kwezizwe ngezizwe.

### Isigaba III.—Ubulungu.

1.—Bonke abasha bangaba ngamalungu eNhlangano Ye-Ntsha ya-Bantu.

2.—Abashadileyo abafisa ukuba ngamalungu alenhlangano banga votelwa babe ngamalungu enz'isitunzi. Amalungu enza isitunzi kayikuba nalungelo lokuvota emhlanganweni wequlo lalesosigodi; kabayi kupata sikundhla kulona.

3.—Oyilungu ungosemusha osenze isifundo seNhlangano yeNtsha yaBantu emhlanganweni wequlo lesigodi.

4.—Iziyinge zombala otile zi yafakwa ngabadalana nabasebancane njengokuma kwabo.

## Isigaba IV.—Isifungo.

Ngiya tembisa ukwenza ngawo onke amandhla ami ukusekela imiqondo yokuba yisakamuzi esifanele esigodini sakati njengoba kubonelwa ekuhambeni kweNkosi uJesu Kristu.

## Isigaba V.—Abapatizkundhla.

Ku yauba kona iPresident, neVice President, nompati wokwaka imihlangano nompatisikwama. Ku yauba kona abayi-Executive abayisikombisa.

Abapati bezikundhla bayakuvotelwa ngayo yonk'-iminyaka emhlanganweni wonyaka walenhlangano.

Ngamalungu kupela abayakuvotelwa izikundhla zeNhlangano yeNtsha yaBantu.

Ukuvota kuyoba ngokupakamisa noma ngamapeshana.

## Isigaba VI.—Umhlangano Wonyaka.

Umhlangano wonyaka uyakuhlangana ezindaweni ngezindawo njengokuquma kwe Executive. Uyauba ngowabapatizikundhla beNhlangano le nezitunywa zamaqulo ezigodi.

## Isigaba VII.—Ukuguqulwa Kwemiteto.

Lemiteto inokuguqulwa emhlanganweni wonyaka ngevoti labayinxenye ezimbili kwezintatu. Kuya kwaziswa i-Executive uma ku zofakwa imiteto emisha noma ku pakanyiswa izwi lokubulala noma ukuguqula imiteto ekona.

## Isigaba VIII.—Amaqulo Ezigodi.

Amaqulo ezigodi anokumiswa nakuyipi indawo lapa kukona amalungu asihlanu nangapezulu uma esecelile ku Nobhala owak' inhlangano kuye ngokuvunyelwa yi-Executive.

1.—Yiwo ayakuziketela igama lawo lesigodi.

2.—Yiwo ayakuvotela abapatibezikundhla bawo agayakuba nguMpatisihlalo, no-Nobhala noMpatisikwama.

3.—Yilelo qulo li yaubika ngo-Nobhala wesigodi kube kanye ngekwata ku Nobhala owak' iNhlangano wale-Nhlangano, ebika umsebenzi wayo nenqubeko.

4.—Onke amalungu angasibo abasebancane ayakukipa intela engu 6d. ngekwata kuMpatisikwama wesigodi waleNhlangano ekupeleni kwalelo nalelo ikwata.

5.—Amaqulo ezigodi ngezigodi azame ukuhamba ngalemiteto yaleNhlangano.

## Isigaba IX.—Abancane.

Amaviyo abancane angamiswa ngokucela kotile opishekileyo kuNobhala owak' iNhlangano kuye ngokuvuma kwe-Executive.

(*a*) Yibo abaziketela igama labo.

(*b*) Yibo abayakuvotela abapat'zikundhla zabo ngokuvumelana nemiteto yaleNhlangano.

(*c*) u-Tisha walesosigodi nguyena oyauba ngumeluleki walelo nalelo viyo labancane.

(*d*) Nobani umuntu omncane osentangeni engapansi kwetanga yeshumi nantatu leminyaka uyakutiwa ungomncane ofanele ukuba yilungu le-Viyo la-Bancane.

## Isigaba X.—Imisebenzi Ekankanywayo.

### 1.—Amaviyo Abadalana.

Izibaya zokufunda zokuzitutukisa ekwazini ; njengamabhuku esiZulu, amaklasi e-Bible, Ukufunda ngesilisa nesifazane, nezikole zakusihlwa.

*Ama-Clubs :* Ukwenza ama-Clubs enkwebane, Ukufuya izinkuku nezingulube, indawo ezungeze indhlu, Ukutshala imiti. Ukwenza ama-Clubs amantombazana, Ukufuy' izinkuku, Ukulungisa indawo ezungeze indhlu, izingqaka zezimbali, Ukulimela ukudhla izilimo, Imitungo.

*Ukwenza ngcono Amakaya :* Njengokuba nezingadi, nempahla yendhlu, Ukupeka, ulwazi lwako, Ukupatwa kwezingane, Ukupatwa kwezinhlobonhlobo zezindhlu.

*Ukuzelula :* Ukudhlala, Ukuqinisa umzimba, Ukuhlabelela ikakhulu amagama esiZulu, Ukuqagusisana ngokukuluma, Ibhola lezinyawo nelokupqnswa, i-Tennis lapandhle nelasetafuleni ne-Draughts, Ukulingisa ukwenza nemidhlalo ehlatshelelwayo.

### 2.—Amaviyo Abancane.

*Imisbenzi :* Yezandhla, Ukuzelula, Izinganekwane, Ukuhlabelela.

*Ukuqinisa :* Imizimba.

*Ukusiza :* Ukusiza abalupele, nengadi yokuhlanganyelwa.

# CONSTITUTION AND SUGGESTED ACTIVITIES

OF THE

# BANTU YOUTH LEAGUE.

---

## Section I.—Name.

The name of the organisation shall be "The Bantu Youth League."

## Section II.—Objectives.

1.—To nurture in Bantu youth the ideals of good citizenship as exemplified in the life of Christ.

2.—To encourage and cultivate in Bantu youth a love for and pride in their institutions and a desire to preserve the worthy ideals and customs of the Bantu people.

3.—To encourage co-operation among Native youth leaders.

4.—To break down sectarianism by encouraging co-operation of young people of different denominations.

5.—To cultivate appreciation of the culture of other races, and to encourage inter-racial co-operation.

## Section III.—Membership.

1.—All young people may become members of the Bantu Youth League.

2.—Married people who wish to become members of the League may be elected honorary members.

Honorary members shall have no right to vote in any meetings of the Local Chapter; and shall not hold office therein.

3.—A member is a young person who has taken the pledge of the Bantu Youth League at a regular meeting of the Local Chapter.

4.—Rosettes of a distinctive colour shall be worn by Seniors and Juniors respectively.

## Section IV.—Pledge.

"I promise to do my best to uphold the ideals of good citizenship in my own community, as exemplified in the life of our Lord Jesus Christ."

## Section V.—Officers.

There shall be a President, a Vice-President, an Organising Secretary, and a Treasurer. There shall also be an Executive of seven.

Those holding office shall be elected each year at the Annual Meeting of the League.

Only members may be leected to office in the Bantu Youth League.

Voting shall be by raising of the hand, or by ballot.

## Section VI.—Annual Meeting.

The Annual Meeting shall be held at various centres as may be determined by the Executive. It shall consist of the officers of the League and delegates from the Local Chapters.

## Section VII.—Amendment of Rules.

These rules may be amended at the Annual Meeting by two-thirds vote. Notice be given to the Executive before new rules may be introduced or motion be made to revoke or alter existing rules.

## Section VIII.—Local Chapters.

Local Chapters may be formed at any centre where there are five or more members upon application to the Organising Secretary and subject to the approval of the Executive.

1.—They shall select a local name of their own.

2.—They shall elect their own officers who shall consist of a Chairman, Secretary and Treasurer.

3.—Each Chapter shall report through the Local Secretary at least once a quarter to the Organising Secretary of the League on its work and progress.

4.—All members other than juniors shall pay a quarterly subscription of sixpence to the Local Treasurer. These subscriptions shall be sent to the Treasurer of the League at the end of each quarter.

5.—Local Chapters shall conform to the rules of the League.

## Section IX.—Juniors.

Junior groups may be formed by application of an interested person to the Organising Secretary and subject to the approval of the Executive.

(*a*) They shall select their own name

(*b*) They shall elect their own officers in conformity with the rules of the League.

(*c*) The local Teacher shall generally be an adviser for each Junior Group.

(*d*) Any young person under thirteen years of age shall be considered a junior as eligible for membership of a Junior Group.

## Section X.—Suggested Activities.

### 1.—Senior Groups.

*Study Circles* for improvement in knowledge, *e.g.*, Zulu Literature, Bible Classes, Sex Education, Night Schools.

*Clubs.*—Formation of clubs for boys: Poultry, Pigs, Home Acre, Tree Planting.

Formation of clubs for girls: Poultry, Home Acre, Flower Gardens, Kitchen Gardening, Needlework.

*Home Improvements, e.g.*, Gardens, Furniture, Cookery, Care of Children, Care of different types of houses.

*Recreation.*—Games, Athletics, Singing (especially Zulu songs), Debates, Football, Volleyball, Tennis, Table Tennis, Draughts. Dramatic (simple plays) Musical Games.

*Community Service:* Cleaning of paths, care of graveyards, visiting the sick.

### 2.—Junior Groups.

*Handicrafts:* Beadwork.

*Recreation:* Folklore, Singing, Games, Athletics.

*Helpfulness:* Helping the aged. A Community Garden.

